## IZINKOMBA ZOKUTHUMELA:

| **Isihloko** | **UMBIKO WEBHODI LOLIMI ENYUVESI YAKWAZULU-NATALI 2013-2014** |
| --- | --- |
| **Umbhali neSikhundla sakhe** | USolwazi Renuka Vithal (DVC: T&L; Usihlalo: Ibhodi loLimi LeNyuvesi)<br>Dokotela Langa Khumalo (uMqondisi: wehhovisi leNyuvesi lokuhlelwa nokuthuthukiswa kolimi) |

## Umlando wokugunyaza

| Izakhiwo ezithintiwe | Usuku olubhekiwe lwezingxoxo | Umphumela |
| --- | --- | --- |
| Ibhodi loLimi LeNyuvesi | 25 kuNtulikazi 2014 | |
| Sinethi | 20 kuNcwaba 2014 | |
| | | |

## Inkulumo ethunyelwe

**Isiphakamiso**

Ukwamukela umbiko wesithathu weBhodi loLimi leNyuvesi (ULB) (2013/14) njengokwenqubo mgomo.

**Isisekelo**

Lo mbiko ka 2013/14 ungowesibili uhambisana nenqubomgomo kanye nohlelo lolimi ezithi kumele ubhalwe ngezilimi zozimbili wethulwe kwisigungu esiphezulu sezemfundo eNyuvesi (Sinethi). Isigaba sokuqala esibhalwe ngeSingisi nangesiZulu sethulwa ngonyaka wezi 2010/2011 ziyi 9 kuNhlaba 2012. Lo mbiko ugxila kosekwenzekile ohlelweni lokuthuthukisa ulimi eNyuvesi.

**Ezezimali**

Ziveziwe embikweni

**Okufakiwe**

**UMBIKO WEBHODI LOLIMI ENYUVESI YAKWAZULU-NATALI 2013/2014**

## Isingeniso

Iningizimu Afrika ithathwa njengelinye lamazwe anemithethosisekelo enenqubekela phambili enkulu oqinisekisa ukwahlukana kwezilimi zayo. Uphakamisa ubuliminingi futhi uvumela ukuthi zonke izilimi ezisemthethweni zithole ukuhlonishwa ngokufanayo futhi ziphathwe ngendlela elinganayo. Ngokuhambisana nokuhlinzekelwa umthethosisekelo waseNingizimu Afrika esigabeni sesi-6 (isigatshana sesi-2 nesesi-4), neNqubomgomo yoLimi KwezeMfundo yangezi-1997 futhi ngokuvumelana nohlaka olubekwe iNqubomgomo YoLimi YezeMfundo Ephakeme yangezi-2002 noMthetho Wezokusetshenziswa KweziLimi Ezisemthethweni wangezi-2012, iNyuvesi YaKwaZulu-Natali ihambisana nezinhloso zenqubomgomo yobuliminingi yaseNingizimu Afrika futhi izimisele ngokudlala indima ebalulekile ekufezekisweni ngokuyimpumelelo kwayo. I-UKZN ikumemezele lokhu kuzibophezela ngeNqubomgomo NoHlelo Lolimi lwayo olwamukelwa Izigele ngomhla zi-2 kuNcwaba 2006.

Emuva kokwamukelwa kweNqubomgomo noHlelo Lolimi kwasungulwa iBhodi LeziLimi LeNyuvesi, lathweswa umsebenzi ocacile wokuqhuba izinhlelo zokufezekiswa kweNqubomgomo noHlelo LoLimi nokwesekela ngokunika okudingekayo esigabeni sezokufunda nesokwesekela ezokufunda eNyuvesi. I-ULB noSihlalo wayo iPhini likaSekelashansela (KwezokuFunda nokuFundisa) uSolwazi Renuka Vithal isibambe imihlangano eminingi lapho ibibeka imigomo yokufezwa kweNqubomgomo YoLimi yase-UKZN. I-ULB isishintshile emuva kokusungulwa kabusha ngezi-2010, okwakuhambisana nezinguquko emaKolishi. Lapha ngezansi kunohlu oluphelele lwamalungu e-ULB.

## Ubulungu beBhodi LeziLimi LeNyuvesi ngezi-2014:

| | |
|---|---|
| uSolwazi R Vithal (uSihlalo) | iPhini LikaSekelashansela: ezokuFunda nokuFundisa |
| Dkt R Dhunpath | uMqondisi: eZokufunda nokuFundisa eNyuvesi |
| Dkt L Khumalo | uMqondisi:ezokuHlelwa nokuThuthukiswa KoLimi eNyuvesi |
| Mnu L Seshoka | Umqondisi Olawulayo: Kwezobudlelwano |
| Dkt S Chalufu (Oyibamba) | UmqondisiOlawulayo: Kwezabafundi |
| Mnu B Poo | Isigaba Sezokusekelwa kwezokuFunda |
| uSolwazi G Kamwendo | uNgoti Kwezokufunda |
| uSolwazi A Modi | eZoLimo, ezobuNjiniyela, nezeSayensi |
| Dkt M Matthews | Izifundo ZezeMpilo |
| Nksz C Engelbrecht (Oyibamba) | Izifundo ZezeMpilo |
| Dkt G Mazibuko | EzesiNtu |
| Dkt S L Ntuli (Oyibamba) | EzesiNtu |
| Dkt A Bengesai | Izifundo ZoMthetho NezokuPhatha |
| Mnu K Zondi (Oyibamba) | Izifundo ZoMthetho NezokuPhatha |
| Mnu M Hlengwa | Omele i-PANSALB (odlule emhlabeni, ngoNtulikazi 2014) |
| Mnu K Mngadi | Umxhumanisi WezoLimi |
| Mnu S Mthethwa | Omele i-CSRC |

I-ULB ibe nemihlangano emine ngezi-2013 le mihlangano ibiyinkundla lapho kubhekwa noma kwakhiwa khona amaqhinga okuqhuba ukufezekiswa kweNqubomgomo noHlelo LoLimi kuzo zonke izigaba zeNyuvesi. Lo mbiko uqhakambisa okwenziwe yi-ULB ekufezekisweni koHlelo LoLimi.

## I-Hhovisi LeNyuvesi LezokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi (ULPDO)

Ukuze kusekelwe i-ULB futhi kufezekiswe iNqubomgomo NoHlelo LoLimi, kwavunyelwa izikhundla zomsebenzi ezimbili esoMqondisi nesoMxhumanisi wezokuHlelwa koLimi eHhovisi LeNyuvesi LezokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi ngaphansi kwePhini LikaSekelashansela:KwezokuFunda Nokufundisa.

## Ukuqashwa koMqondisi WezokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi

I-ULB inentokozo yokubika ngokuqashwa kukaDkt Langa Khumalo njengoMqondisi KwezokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi kusukela ngomhla wezi-1 kuMasingana 2014. UMqondisi uunika ubuholi obukhethekile nokweluleka esikhungweni ezindabeni eziphathelene nenqubomgomo yolimi yeNyuvesi, ukuhlelwa nokuthuthukiswa kwayo. UDkt Khumalo usebambe izingxoxo eziyimpumelelo nabezindaba, kwakhiwa umbono, impokophelo nezinhloso zeHhovisi LeNyuvesi LezokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi, okuhambelana neNqubomgomo NoHlelo LoLimi yeNyuvesi. Usubambe izingxoxo ne-UKZN Ndabaonline, i-Independent Online (IOL) nomsakazo i-SAfm echaza ngeNqubomgomo NoHlelo LoLimi nezinhlelo eziqhubekayo zokwakhiwa kwamatemu nokwakhiwa kwekhophasi.

### Ukuqashwa koMxhumanisi WezokuHlelwa KoLimi

I-ULPDO, ethole ukuqashelwa uMxhumanisi kuNhlaba 2013, seyiqala ukuba yihhovisi eligcwele ngaphansi kwePhini LikaSekeshansela : KwezokuFunda NokuFundisa. I-ULPDO ixhumanisa zonke izinhlelo ezithinta ulimi , lihlinzeke ngokuhumusha, ukutolika nokuhlela imibhalo okuseqophelweni eliphezulu emphakathini wasenyuvesi, futhi libuye liqinisekise ukulandelwa kwemithetho nemigomo yokwakhiwa kwamatemu esiZulu ayo yonke imikhakha kumakolishi amane enyuvesi.

### Ukuqashwa KoNgoti BoLimi

KuNcwaba wezi-2013 i-ULPDO iqashe ungoti wolimi obhekene nacho konke ukuhumusha nokutolika okwenziwa yihhovisi enyuvesi yonke. Lokhu kuqasha kwesekelwe ngezimali eziphuma eMnyangweni WezeMfundo Ephakeme nokuQeqesha ngaphansi kweSikhwama Sokufunda neNtuthuko nakwiPhini LikaSekelashansela : KwezokuFunda NokuFundisa. I-ULPDO isanda kuqasha umncwaningi wolimi ozoqala ukusebenza ngomhla wo 1 kuMasingana 2014. Nakho lokhu kuqasha kwesekelwe yisikhwama esifanayo.

## Ukuqalisa Kokusebenza Kwenqubomgomo YoLimi NeziNhlelo Zokusebenza Kwayo

## Isifundo SoLimi LwesiZulu

IBhodi LeziLimi LeNyuvesi libike ukuthi Izigele zase-UKZN zimemezele ngomhla wama – 15 kuNhlaba 2013 ukuthi kuzoba umthetho kuwo wonke umfundi obhalisa okokuqala ukuthi athathe isifundo sesiZulu ngaphambi kokwethweswa iziqu esikhungweni. Lokhu kuguqulwa kohlelo lwezifundo obekuholwa yi-ULB okulandelwe ukuthi kuthole imibono eminingi futhi kwakhiqiza ingeniso yezokukhangisa ngokwabezindaba elinganiselwa kuma- R22 422 269 kusukela ziyi-16 kuNhlaba kuya ziyisi – 6 kuNhlangulana 2013.

Ekhuluma ngokuqalwa kwesifundo sesiZulu, uPierre De Vos, oyisazi soMthetho wezoMthethosisekelo eNyuvesi YaseKapa eKolishi LezoMthetho uthe engosini yakhe:
'Ngokwenza abafundi bafunde ulimi lwendabuko obelunganakiwe, iNyuvesi ikhombisa ukuzimisela ukuxhumana ngendlela ezwakalayo nokujiya namasiko endawo etholakala kuyo. Lomnyakazo uzosiza ekukhuphuleni ulwazi ngobuliminingi kubantu baseNingizimu Afrika abakhula bekhuluma ulimi lwesiNgisi kuphela. Kuzokwenza kukhuphuke ukuqonda nokuhlonipha amasiko ahlukene ngoba ulimi namasiko kuxhumene kakhulu.' (DAILY Maverick, 18 May 2013)

Impumelelo ekuqalweni kwalesi fundo kufakazela ukuthi sekukuningi okwenziwe okuqukethwe yiNqubomgomo NoHlelo LoLimi. Abafundi ababalelwa kwizi-1287 babhalisele lesi sifundo sesiZulu ekuqaleni kwezi-2014.

Isasasa labezindaba nokugunyazwa komthetho wesiZulu wabangenaziqu nacho kuvuse intshisekelo kubasebenzi baseNyuvesi yokufunda isiZulu. Uphiko lweUKZN lwe-Extended Learning luqale izifundo zesiZulu ezimfushane eziyi-7 e-Howard College nase-PMB ngezi-2013, lezi zifundo zithanyelwe abasebenzi abangama-187 base-UKZN (okubalwa nesinye ebesenzelwe abaphathi abaphezulu beNyuvesi). Ezinye izifundo ezimfushane zangezi-2014 zisaqhubeka nokufundiswa.

## Ukwakhiwa Kwesizindalulimi (Corpus) Nokuthuthukiswa Kwamatemu

KuMandulo 2013 kubanjwe ukhukhulelangoqo womhlangano wezinsuku ezimbili wokucobelelana ngolwazi lwekhophasi yesiZulu. Lo mhlangano obewuholwa yisazi sesizindalulimi saseBrithani wawuhlanganise izethameli ezibuya ezikhungweni zemfundo ephakeme, PanSALB, nezishoshovu zolimi ezigcobe i-UKZN njengesizinda sikazwelonke sokuthuthukiswa kwekhophasi. I-ULPDO inikwe umsebenzi wokuphothula isivumelwano sokusebenzisana noPanSALB, lesi sivumelwano sizoba yithuluzi elisemthethweni lokuthuthukisa ikhophasi e-UKZN

I-ULPDO ibalule ukwakhiwa nokuthuthukiswa kwamatemu nokwakhiwa kwekhophasi njengezinto ezimbili ezibalulekile kuyona. Ukwakhiwa kwamatemu kuthinta izinhlelo ezibucayi lapho akhiwa khona, ahlolwe agcine ngokugunyazwa lapho kusetshenzwa ngokubambisana nongoti bolimi, abomkhakha, nezinhlaka ezisemthethweni ezifana no-PanSALB neBhodi KaZwelonke YoLimi (NLB) uMzukazwe. Ikhophasi idinga ukwakhiwa kwesizinda lapho kuzolondolozwa khona izinto ezinhlobonhlobo ezizokwazi ukutholakala ngezindlela zethekhnoloji ukuze kuthuthukiswe ithekhnoloji yolimi lwabantu nezizukulwane ezizayo.

I-ULPDO seyenze ukusebenza kwenqubomgomo yolimi kwenzeke ngokuqhuba izinhlelo zokwakhiwa kwamatemu kulandelwa lezi zinhlaka ezisemthethweni. Kulesi sikhathi sokubika, i-ULPDO isibambe imihlangano yokucobelelana ngolwazi emithathu yaphinde yaqinisekisa ukugunyazwa kwamatemu ahlukene esiZulu emikhakha Kanye nawezimpawu kusetshenzwa ne-NLB. Kugunyazwe amatemu angamakhulu amahlanu namashumi amane nesishiyagalolunye aphinde adluliselwa eNyuvesi njengamatemu asemthethweni ezobuHlengikazi.

## Izibalomdanti Zokwakhiwa Kwamatemu

**Itebhula 1.**

| **Umnyango/Isikole** | **Isibalo Samatemu Akhiwe** | **Isibalo Samatemu Ahloliwe** | **Isibalo Samatemu Agunyaziwe** | **Isibalo Samatemu Asasele** | **BOH** |
|---|---|---|---|---|---|
| Ezobudlelwano (Izimpawu) | 40 | 40 | 40 | 0 | |
| Ezobudlelwano | 192 | 86 | 0 | 106 | |
| EzoMthetho | 260 | 0 | 0 | 260 | |
| EzobuHlengikazi | 549 | 549 | 549 | 0 | |
| **Ithothali** | **1041** | **675** | **589** | **366** | |

USihlalo we-ULB umatasa nemizamo yokushicilela la matemu njengengxenye yesichazamazwi noma uhlu lwezincazelo zamatemu ezobuHlengikazi azosetshenziswa ekufundeni nasekufundiseni kanye nasemkhakheni wobuhlengikazi wonke.Kuyimanje i-UKZN Press ibambisene ne-ULPDO emizamweni yokwakha isikhungo sokusabalalisa amatemu asegunyaziwe ngokushicilelwa kwezincazelo zamatemu zemikhakha noma izichazamazwi. I-UKZN Press ihlanganyele ne-ULB emizamweni yokugqugquzela ukubhala ngesiZulu ngokuba nomncintiswano wokubhala owaphetha ngokushicilelwa kwencwadi *Amagalelo*, le ncwadi yethulwa ngokusemthethweni ziyi-19 kuNdasa 2013.

I-ULPDO ithuthukisa izinto ezimbili ezibalulekile : inqolobaneminingo ebizwa ng-Term Bank nekhophasi ebizwa nge isiZulu National Corpus. Zombili lezi zinto zizosekelwa ngobuxhakaxhaka obutholakala emnyangweni weNyuvesi obizwa nge-University's Information and Communication Systems (ICS). I-ULB inike i-ULPDO neHhovisi Lezobudlelwano umsebenzi wokuhlela isithangami esibizwa ng-IsiZulu Terminology Indaba okuyingosi ekuzodingidwa kuyo izindlela namasu okutholakala kwamatemu asegunyaziwe nokusabalaliswa kwawo njengendlela yokwesekela ukugunyazwa kwamatemu esiZulu. Lo mhlangano uhlelelwe ukuthi uhlale kuMfumfu wezi-2014.

### Okwenziwa Yi-ULPDO

I-ULPDO inikezwe umsebenzi wokuletha ubulimimbili eNyuvesi ngokugqugquzela ukusetshenziswa kolimi lwesiNgisi nesiZulu ngokulinganayo njengokumisa kweNqubomgomo YeNyuvesi YoLimi (2006). Kulesi sikhathini esibukezwayo, i-ULPDO iqale ngokuyimpumelelo ubudlelwano bokusebenzisana okuhle nababambe iqhaza ngaphakathi nangaphandle kwenyuvesi. Kwabangaphandle kwenyuvesi kubalwa u-

PanSALB, , Umnyango Wezobuciko NamaSiko kaZwelanke noweSifunda, amaNyuvesi ase-KZN, nongoti boliimi abazimele futhi abaqavile.

IHhovisi lisize ngokuhumusha okusezingeni eliphezulu, ukutolika nokuhlelwa kwemibhalo enyuvesi yonke uma bekunesicelo. Izihumusho zibala:

- Umqulu WeNyuvesi Woguquko
- Ifomu lokufaka isicelo sesikhala sokufunda
- Inhlolovo Yabasebenzi
- Ipheshana Elikhuluma Ngoguquko
- Isikhangiso Ngokukhokhwa Kwezimali
- Ibhuku LezeMpilo Nokuphepha LaseKolishi LezobuNjiniyela
- Izindaba Ezishicilelwa kwi-Indaba-Online
- Imibhalo Yamavidiyo okufundisa eSikole SobuHlengikazi
- Imibhalo Yabaphendula Izingcingo
- Izimemezelo zika-Sekelashansela
- Ipheshana Lokukhangisa ngNyuvesi

Kwenziwe nemisebenzi yokutolika kule micimbi:

- Isifundo Saminyakayonke Sesikhumbuzo Sika-J L Dube
- Nomhlangano Ngezilimi Zase-Afrika

## Imisebenzi Exhasiwe

I-ULPDO ikhiphe imali ebalelwa kwizi-R1,021,880 kulemisebenzi engezansi ukuze kuthuthukiswe amatemu. Le misebenzi ibngeyasemakolishi ahlukene okubalwa iKolishi LezesiNtu, iKolishi LeziFundo ZezeMpilo neKolishi YezoLimo, EzobuNjiniyela NezeSayensi. Le misebenzi ibaluleke kakhulu njengoba iyingxenye enkulu yemizamo yokufeza izinhlelo nenqubomgomo yolimi. Ihhovisi lithole imibiko ngenqubekela phambili kubaholi bemisebenzi ebicacisa ukuthi kuqhubeka kahle kakhulu kule misebenzi.

## Imisebenzi Exhaswe Yi-ULPDO

**Itebhula 2.**

| **Unyaka** | **Isibongo** | **Ikolishi** | **Isihloko Somsebenzi** |
|---|---|---|---|
| 2013 | Ms N. Buthelezi | YezesiNtu | Ukwakhiwa nokuthuthukiswa kwamatemu omkhakha wezodokotela bezengqondo |
| 2013 | Professor Christiansen | YezesiNtu | Imidlalo yokufundisa isiZulu |
| 2013 | Professor F. Frescura | YezesiNtu | Isichazamazwi esinezithombe Samatemu Omkhakha Wezemidwebozakhiwo |
| 2013 | Professor A. Modi | AES | Imisebenzi enhlobonhlobo eqondene nokufundisa ngesiZulu. Ukwethulwa kokusekela ukufundisa ngolimi lwesiZulu. Ukuhunyushwa kwemibhalo yekolishi ngesiZulu |
| 2013 | Dr M. Keet | AES | I-COMMUTERM |
| 2013 | Dr M. Mathews | YezobuHlengikazi | Imikhiqizo Yevidiyo Emifishane |


Yonke imisebenzi ikhokhelwa esikhwameni i-DHET TDG. I-ULPDO isazama olunye uxhaso lwezimali lomsebenzi wayo weSizulu Digitization Project.

## I-Terminology Development Platform

Ngonyaka wezi2012/2013 kwabikwa ukuthi umsebenzi we-IsiZulu Terminolgy Development Platform wathola isabelo semali engama- R300 000 ukuze kwakhiwe ingosi yesizulu esemoyeni yamatemu esiZulu. Lo msebenzi ubuthinta ukuthuthukiswa kwezindlela zasemoyeni zokulondoloza inqolobanemininingo ekhula njalo yesiZulu nesiNgisi equkethe amatemu, izithombe, imisindo namavidiyo. Ngaphezu kokunikeza izihumusho ngezilimi zombili ekuxhumaneni okujwayelekile, izoba namatemu emikhakha nemisho eyakhiwe ongoti ngokwemikhakha yabo bebambisene nongoti bolimi. Amafayela alokhu azohlala esikhungweni futhi angatholakala ngokusebenzisa imigudu ethize. Le migudu ingaba isizindalwazi namaselula. Kunokhunye okusenziwa okuyingxenye yalo msebenzi okuphathelene ne-IsiZulu-English Terminology Application ne-Mobi Site kulabo abasebenzisa amaselula.

## Okutholakala Kulamathuluzi Amabili

I-Terminology Development Platform




I- Mobi Site




Ukungafundiseki ngekhompyutha nokuntuleka kwawo kuyinkinga enkulu uma ufuna ukusebenzisa le migudu. Kodwa ukusabalala kwamaselula kwenza ukusebenzisa le migudu kube yimpumelelo. I-UKZN isithathe lokhu njengento ephuthumayo futhi ebalulekile ngakho isithuthukise umgudu osebenza ngeselula walesi sizindalwazi.

### Uma Sibheka Okuseza

I-ULPDO iphakamise umsebenzi wokugcinwa nokulondolozwa kweSizulu okuzogcina ngokusunguleka koMtapowolwazi Kagesi WesiZulu. Ukugcinwa kolimi kuyinto ebalulekile ekuvuseni nasekuvuseleleni ulimi. Lo msebenzi uhlose ukusungula amarekhodi akhombisa ubunjalo balolo limi. Kuphinde kunikeze isisekelo esiqinile sokucwaningwa kwalolo limi mayelana nezingcezu zalo nokuphathelene nendawo nepolitiki yalabo abalukhulumayo.

Lo msebenzi uzoqoqa, ubhalise futhi ulondoloze konke okuthuthukiswayo nokushicilelwayo ngesiZulu eminyakeni engama-177 saqala ukubhalwa. Loluhlu luzohluka ngoba luzoba nemisebenzi engakashicilelwa ngakho engatholakali emphakathini. Lokhu kuzokwakha irekhodi eliseqophelweni eliphezulu lokuvusa nokuvuselela isithunzi nendima yesiZulu nezizukulwane.

## Isiphetho

INyuvesi YakwaZulu-Natali seyhambe ibanga elibonakalayo ekuphakamiseni ulimi lwesiZulu kulandela ukuqala kokusebenza kweNqubomgomo noHlelo Lolimi ngonyaka wezi -2006. Ukusungulwa kwe-ULB, enomyalelo ocacile wokugqugquzela ukusebenza kweNqubomgomo noHlelo Lolimi nokunikeza izinsiza ezidingekayo kubafundisi nakwabasekele ukufunda, sekuholele ekutheni iNyuvesi ifeze okuningi osekubaluliwe kulombiko.